



# Izibiliboco zikaLonwabo

Le ncwadi ngeka

---









*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit [bookdash.org](http://bookdash.org).*

*Izibiliboco zikaLonwabo*

*(Lonwabo's Recipes)*

Illustrated by Sarah Rose de Villiers

Written by Mihlali Kumalo

Designed by Zandile Maxet Makina

Edited by Linda Nelani

Translated by Nonkululeko Nhlapo

with the help of the Book Dash participants in Grahamstown on 12 November 2016.

ISBN: 978-1-77623-048-8

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

**Attribution:** You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

**No additional restrictions:** You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

**Notices:** You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

**No warranties are given.** The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





# Izibiliboco zikaLonwabo

*Mihlali Kumalo  
Sarah Rose de Villiers  
Zandile Maxet Makina*





ULonwabo wayengumfana  
oneminyaka eyishumi.





Wayehlala nomama kanye  
nogogo wakhe.





Ugogo kaLonwabo  
wayenengadi enhle futhi  
inemifino enothile.







Wayekuthokozela ukulekelela  
ugogo wakhe ngokukhipha ukhula  
engadini nokunisela imifino.





Kwakudingeka ukuba alande amanzi emfuleni.  
Wayengeyena umfana oyivila. Wayehamba  
ibanga elide ehla enyuka igquma.





Wayenokudlula abangani bakhe bedlala ibhola bemhleka bethi kuye, “Lonwabo kungani wenza lokho? Lowo ngumsebenzi wentombazane, thina asisoze sakwenza lokho.”





ULonwabo wayevele azihlekele nje aqhubeke  
nohambo lwakhe.

Wayevele azicabangele ngezikhathi ezimnandi  
enogogo wakhe engadini.







Le micabango yayimenza  
akhohlwe ngalolu hambo  
olude kanye nezinkulumo  
zabangani bakhe.

Wayethanda ukuqagela  
ukuthi zizoba ngakhi iziqathi  
endaweni eyodwa lapho  
ugogo wakhe esevuna.














Ugogo kaLonwabo wayehlezi emlungiselela  
isidlo sasemini uma esesikoleni nomama wakhe  
esemsebenzini.

Njalo wayebuya ekhaya ethola ukudla kwakhe  
sekulungile futhi kubekwe etafuleni lapho  
ezokuthola khona.






Wayethi uma eqeda ukukhumula imifaniswano  
yesikole, ahlale etafuleni, ashaye umkhuleko  
omncane bese eyadla.








Ugogo wakhe wayemlungiselela ukudla  
okuyizinhlobonhlobo ngesidlo sabo sasemini.





Wayekuthanda ukudla kukagogo wakhe  
okumnandi.










Ngemuva kokudla, wayegeza isitsha sakhe,  
athathe incwadi nepensela ahambe ayohlala  
eduze kukagogo wakhe.

Wayembuza ngezithako azifake ekudleni  
abekudla bese ebhala kahle yonke imininingwane  
ngisho nemincane imbala.







Wayezitshela ukuthi uma esekhulile, uzozivulela  
eyakhe indawo yokudlela.





Le ndawo yokudlela uzoyiqamba ngogogo  
wakhe futhi enze konke ukudla ugogo wakhe  
amenzela kona.







EBHONGWENTI

